

HILLCREST HIGH SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IBANGA LESISHAGALOLUNYE (GRADE 9)

IPHEPHA 2 (PAPER 2)

UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2020

ISIKHATHI: 2 amahora

IMIKLOMELI: 70



OKUHLE KODWA !!!!!

Leli phepha linamakhasi ayi-11

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|-------------|--------------------------------|------|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |
2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Dwebela umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ukwabiwa kwesikhathi okuncomekayo:

| | |
|-------------|-------------------|
| ISIQEPHU A: | imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | imizuzu engama-40 |
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A

ISIFUNDO SOKUQONDISISA:

UMBUZO 1

1. Fundisisa le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

Kuzohlonishwa amaciko aKwaZulu-Natal

Amaciko aKwaZulu-Natal asethubeni lokuhlomula ngoR100 000 emiklomelweni emisha ethulwe izolo eThekwini, ebizwa ngokuthi, iKwaZulu-Natal Entertainment Awards (KZNEA).

Ama-KZNEA ahlelwa yinkampani, iSongs on the Charts ethulwe kwabezindaba eWarehouse. USifiso Kalinjani obemele inkampani, udalule ukuthi kuyona yonke imikhakha abanqobayo bazothola uR100 000 kuthi ozodla umklomelo omkhulu weKZN Darling, azuze uR500 000.

Phakathi kwemikhakha ekhona kubalwa eyomsakazi wesifazane nowesilisa abavelele, umlingisi ovelele, usomahlaya, inkampani evelele neminye. Ikhona nemiklomelo yokuhlonipha nokugqamisa isifundazwe ngoba imiklomelo isungulelwe amaciko aKwaZulu-Natal kuphela.

“I-KZN inothe ngethalente kodwa angiwukhumbuli umculo lapho kuhlonishwa abantu bethu bodwa. Kumele sibahloniphe ngaphambi kokuthi babajabulele kwezinye izindawo ngoba bagqamisa isifundazwe,” kusho uKalinjani.

Esithangamini nabezindaba uhlelo beluphethwe nguSomizi Mhlongo. Bekukhona iLadysmith Black Mambazo, kwacula uZandie Khumalo noLindani Gumede.

UDJ Black Coffee, DJ Tira noSjava batuse ukuba khona kwale miklomelo bathi bayayeseka. Bathe bafuna ikhule ngoba inika amaciko alesi sifundazwe ukuzethemba. Bathe bafisa ukuba amaciko akulesi sifundazwe aphinde axhaswe kakhulu uma eba nemicimbi. Abalandeli bethu banayo imali ngoba uma kufike iciko lakwesinye isifundazwe noma ngaphandle kwezwe, kugcwala kuthi phama.

UBlack Coffee uthe esinye sezizathu esenza wathuthela eGoli yingoba amathuba ayengekho kuleli dolobha ngakho unethemba lokuthi ukuba khona kwale miklomelo kuzovulela nabanye amathuba.

Ikhansela loMkhandlu weTheku uThanduxolo Sabelo, lithe kuliphatha kabi ukungaliboni igama lalo masipala kubaxhasi.

“Akuzwakali kahle ukuthi kungani umasipala ungayiseki imiklomelo. Ngiyazi ukuthi uBlack Coffe noSomgaga abaseThekwini. Laba ngabantu abadume umhlaba wonke. Ngizoya esigungwini esilawula umkhandlu senze isiqiniseko sokuthi siyasibheka isicelo soxhaso lwalo mcimbi.

Ngeke ungitshela ukuthi ungathi ufuna ukuhlonipha abantu abakhulu njengeMambazo kodwa ungaxhasi.” AMambazo **ayibekile induku ebandla** ehamba amazwe ngamazwe eze ethola iGrammy Award kathathu.

AmaKZNEA kulindeleke ukuthi abe seDurban ICC ngoDisemba 15.

Imininingwane yokungenela neminye izodalulwa ngokuhamba kwesikhathi.

[Icashunwe ku-Issolezwe yahunyushwa]

- 1.1 Kuzobe kuhlonishwa amaciko akusiphi isifundazwe? (1)
- 1.2 Ibizwa ngani imiklomelo esungulwe kulo nyaka? Bhala igama eliphelele. (2)
- 1.3 Ubani igama nesibongo salowo owayemele abahleli bale miklomelo? (2)
- 1.4 Bhala imikhakha EMITHATHU iciko elingayingenela ukuze liwine. (3)
- 1.5 Wena ukubona kufanele sibe nalolu hlobo lwemiklomele yabantu balesi
sifundazwe kuphela? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 1.6 Esikhathni esiphila kuso sisekhona yini isidingo sokwehlukana imiklomelo
ngokusebenzisa ubulili? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)
- 1.7 Iku liphi idolobha i-ICC? (1)
- 1.8 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho
olandelayo.
AMambazo **ayibekile induku ebandla.** (2)
- 1.9 Obani abaculi ABABILI abebecula kulo mcimbi? (2)
- 1.10 Ngokucanga kwakho, iyiphi indlela engasetshenziswa ukunqanda
amaciko angayi kohlala kwezinye izifundazwe? (2)
- 1.11 Kungani ubona kufanele ukuba umasipala ayixhase le miklomelo? (2)

[21]

1.2 Bukisisa **UMBHALO B** bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)

4 IZINTO EZINE OKUFANELE UZIQAPHELE UKUGWEMA UKUTHELELEKA

1 GEZA IZANDLA ZAKHO
Gezisa izandla zakho ngensipho. Geza ingemuva lezandla, phakathi neminwe, nangaphansi kwezinzipho. Ngaso sonke isikhathi geza izandla ngensipho ngaphambi kokudla nasemveni kokuhlengana nomphakathi.

2 UKUNAKEKELA NGOKWEMPILO OKUHLA
Vala umlomo ngethishu uma ukhwehlela noma uthimula. Gwema ukuthinta ubuso bakho ngezandla ezingcolile ngaso sonke isikhathi. Kufanele uqinisekise ukugeza izandla zakho ngaso sonke isikhathi.

3 MUSA UKWABELANA NGOKUDLA NANGEZITSHA
Igcwane lingadlulela ematafuleni, emakhabetheni, emimeseni, ezimfologweni, ezipunini, nakuma-straw. Sebenzisa kuphela izitsha ezihlanzekile futhi ningabelani ngeziphuzo. Geza izandla ngaphambi kokudla ngaso sonke isikhathi.

4 BONANA NODOKOTELE UMA UNGAPHILILE
Izimpawu kuba wukukhwehlela, ukujuza ekhaleni, nokuphelelwa wumoya. Uma uzwa olunye lwalezi zimpawu, thola usizo lokwelashwa masinya. Thinta umtholampilo noma udokotela ngaphambi kokuthi uye kubo ubazise ngezimpawu nangomlando wakuphambela kwakho (njengokuvakashela phesheya kwezilwandle).

UCINGO OLUVULWE UBUSUKU NEMINI (24 HRS) U 0800 029 999
HLALA UQAPHILE FUTHI UHLALE UNAKEKELA IMPILO KAHLE
Isimo sitokhu siguquguquka, bheka okusha ku: www.health.gov.za naku www.nicd.ac.za

Siyayingqoba I-CORONA VIRUS COVID-19

www.kwaZulu-natal.gov.za

MY HEALTH, YOUR HEALTH, OUR HEALTH: A HEALTHY KWAZULU-NATAL.

[icashunwe ku inthanethi]

2.1 Lesi sikhangiso sisixwayisa ngani?

(1)

- 2.2 Zingaki izinto okufanele uziqaphele ngokwalesi sikhangiso? (1)
- 2.3 Yikuphi okufanele ukwenze uma ungaphilile? (1)
- 2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- Yimuphi umnyango kahulumeni okhiphe lesi sikhangiso
- A Umnyango wezemfundo.
- B Umnyango wezenhlalakahle.
- C Umnyango wezempilo.
- D Umnyango wezobuchwepheshe. (1)
- 2.5 Ngokucabanga kwakho yikuphi okubaluleke kakhulu ukukwenza kulezi zindlela ezine ezilapha? Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.6 Kuthiwa lesi sifo saqala kuliphi izwe? (1)
- 2.7 Bhala OKUKODWA okushintshwe icorona empilweni yakho? (2)

ISIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa **UMBHALO C** ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngezizingozizokudaya izinwele ngemibala.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

UMBHALO C (OFUNDWAYO)

IZINGOZI ZOKUDAYA IZINWELE NGEMIBALA.

Ukudaya izinwele ngenye yezinto ezihlale zisesitayeleni ikakhulu kwabesifazane. Iningi labesifazane likhonze ukudaya izinwele ezimfishane zibe yimbala ehlukene edida ngisho unwabu. Nabu-ke ubungozi bokudaya izinwele.

Kwabane Eczema kuvele ukuthi ukusebenzisa udayi wezinwele kungabhebhethekisa lezi zinkinga. Kungenzeka udayi uthinte umqala, lokhu kungadala umonakalo esikhumbeni sivuvukale.

Abanye udayi ubonela ujwabu (lose skin) liba namaqhuqhuva alumayo futhi abomvu. Amakhemikali okwakhiwa ngawo udayi angaba nomthelela ongemuhle Kosuke esafuna ukuthola abantwana noma ukutholisa abantwana.

Uma usebenzisa udayi ugqoka izinto zokuvikela. Uma udayi ungena ngephutha emehlweni, amehlo akho angaba nenkinga yokuba bomvu, abe buhlungu, okudala ukuthi ugcine ungasaboni kahle noma ube nesifo samehlo.

Uma unesifuba somoya kuvela ukuthi iphunga la makhemikhali akulodayi alishayi eceleni, livele liyivuse ime ngezinywayo i-asthma. Odokotela bathi abanele nkinga kwangathi bangahambela kude nokudaya izinwele.

Kunamakhemikhali anzima anjenge ammonia angenza ukuthi izinwele zingaphinde zihlume/zimile, kokunye ube nezilonda ezingapholi. Ukungaqapheli ngenkathi udaya, kungenzeka iphutha udayi ungene emlonyeni. Lokhu kunobungozi obukhulu, umlomo uyavuvukala, ushe, nomonakalo ungenzeka esiswini.

Qikelela uma uthenga udayi ngoba abanye odayi bangadala umdlavuzi. Ongoti bathi, ekucwaleni kwezinwele zikhona ezinye izindlela zokudaya ngaphandle kokuthi uze usebenzise udayi onamakhemikhali ayingozi

[Umbhalo wokuziqambela]

[10]

ISIQEPHU C

UHLELO NOLIMI

UMBHALO OBUKWAYO

UMBUZO 3

2. Fundisisa uphinde ubuke lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

Thengakithi Cash and Carry

Isitolo esidayisa konke okudingayo nokunomsoco ngamanani aphansi.

Sinethulela isitolo esizonikhipha enhluphekweni ngamanani aphansi

Woza eThengakithi uzozitilizela Ukudla kwasendlini:

Ikhombo yemifino emihlanu R120

5kg wenkukhu eqotshiwe R125

Ibhantshi lesipinashi R5

Isaka lempuphu 10kg R65



Yonke le mititilizo itholakala mhla ziya 10 kuya ziya-14 kuDisemba 2020

Sidiliva mahala.

Zikhona nezipesheli zosuku esitolo.



Likhona nebhusha elinenyama yenkomo neyenkukhu engamanani aphansi kakhulu.

Sitholakala KwaNyuswa, 17 Ngcobo Road

Inombolo yethu 066 164 5571

Sivula ngehora lesi -7 ekuseni sivale ngehora 6 ntambama zonke izinsuku.

Imibandela

Sidiliva ezindaweni ezingamakhilomitha ayi-15 mahhala.

Sikudilivela uma uthenge impahla engaphezu kwama- R700

- 3.1 Lithini igama lesitolo esikhangiswa lapha? (1)
- 3.2 Tomula umusho onolimi olukhohlisayo lapha kulesi sikhangiso. (1)
- 3.3 Indali izothatha izinsuku ezingaki? Bhala inombolo ngesiZulu. (2)
- 3.4 Kungani imibandela ibhalwe ngamagama amancane? (2)
- 3.5 Tomula ibizo elingumfakela/ibizomboleko elisesigabeni 9 bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona (2)
- 3.6 Guqula isenzo “-hlupheka” sibe ibizonto bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona (2)
- 3.7 Hlobo luni lwesabizwana saleli gama elibhalwe ngokunzima kulo musho olandealyo.
Sivale ngehora 6 ntambama **zonke** izinsuku (2)
- 3.8 Yiliphi igama eliyisphawulo kulo musho olandealyo.
Iyabiza kakhulu ikhombo yemifino emihlanu. (2)
- 3.9 Nciphisa leli bizo elilandelayo.
Izinsuku (1)

[15]

UMBUZO 4

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)



4.1 Bhala igama nesibongo sobhale le khathuni? (2)

4.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo

Inyanga uJulayi ngesiZulu esihle u-

A Masingana

B Ncwaba

C Ntulikazi

D Nhlangulana (1)

4.3 Ngokucabanga kwakho, umuntu onjani obizwa ngo-Slayqueen? (2)

4.4 Sichaza ukuthini isimo sokukhuluma esilandelayo.

Wena ubudla ugologo. (2)

4.5 Guqula leli bizo elibhalwe ngokunzima libe isabizwana soqobo.

- Ngicela **igwinya** noshizi. (1)
- 4.6 Tomula igama elingongumnini enkulumweni yomdayisi wasetuckshop. (1)
- 4.7 Guqula lo musho olandelayo ukhombisa ukuvuma.
Angikweletisi. (2)
- [11]

UMBUZO 5

5.1 Sebenzisa lawa magama alandelayo emshweni ozakhele wona akhombise ukuthi anezincazelo ezingafani.

- 5.1 Inyanga (2)
- 5.2 Ilanga (2)
- [4]

ISAMBA: 30

ISAMBA SESISONKE:70